Zulu musical instruments. K13/158

s823(12) K13/~~A13/3/~~158 E. B. Madondo. 1/6

1. 1b

## Ukuhla6elela nezinto zakho.

Nazi izinto ezizwana nokuhla6elela okudala kwaMazulu; a6adlokwe, ngubu, umakhweyana, isigubu imbungu, nophondo, imfiliji, icilongo.

Abadlokwe: A6adlokwe 6enziwa nge gogogo elifana nelikaphalafini. Linqunywa phakathi, 6eselibolwa izimbo6o ezine n okulinganisana ngam6ili, kodwa zi6e zincane. Ku6azwe umuthi olula wenziwe ipulangwe nqoshwe ka6ili lapho kuzofakwa khona ucingo oluzohlangana negogogo, kubolwe imbo6o kulo loluthi ekugcineni. Lembo6o elingene uthi oluzofakwa khona njengesikhonkwane. 6esekufakwa ucingwa okuthiwa yinsengi, oluncane, olu6ushililizi lu6unjaniswe nesinqe segogogo ngemuva. Kufunwe ingcina inanyathelisiwe lapha ngasesi Khonkwaneni. Sekuzofun-

2. wa isho6a lenkomo noma ihashi li6oshelwe endwakwuneni. 6ese kushaywa ngalo. Kuthi uma insengi isingcolile noma isho6a selingcolile noma lomile lifuna akunqamuka lifakwe khona engcineni.

## Isigubu.

Isigubu lesi sakhiwa ngomuthi okuthiwa umumbu ovamisile ukwakha amathunga abazwayo. Kuyaye kufunwe umumbu osumdala unqunywe ulinganiselwe uhlobo lwesigubu leso esifunekayo, uma sekuqediwe lokho kususwe amagxolo. Emuva kwezinsuka ezintathu u6usuqoshwa izim6o6o zizi ziphumelane kulandelwa umongo wawo othambileyo. Uqoshwe nqimba noma uhlonzo kuze kube gilolo alufisayo umniniso. Angasiqeda usilalise emqu6eni njalo size somele khona. A6eseshuka izikhumba zezimbuzo esizothi ngwa ngazo uma sezithambile. Zingashukeka usezogaya utshwala umninisi

3. ameme izinsizwa zizosithunga ngoba phela sisingo ukudonswa uma sithungwa futhi izinsizwa lezi zihlatshiswe imbuzi naso sihlatshelwe eyaso imbuzi sinqwanjiswe ngesikhumba sayo.

Sithi singaphela ukuthungwa 6ese kwakhiwa amawisa okusishaya ngazo izikhumba ezishukiwe. Lamawisa akhelwa endukwini nje emfushane. Sithi singaphela nama isisa aphele sigcotshwe ngamafutha engulu6e njalo nawo amawisa. Simulungwe size sicwebezele, 6ese sqala ukushaywa. Isigubu sisetsho nziswa ikhakhulu uma izinsizwa ziqonyiwe. Sishaywe ntambama nasekuseni eNta6eni sekuyokhuzwa ihhule khona.

4. Sishaywa yizangoma futhi ikakhulu uma kukhona esiyokhishwa noma siyophothulwa. Sivumelwa kahle nokugida kwazo.

/Isigubu....................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Isigubu lesi kwaZulu sa6e sisetshenziswa sigcinwe isiziwa komkhulu.

## Imbungu.

Imbungu lena yakhiwa ngomumbu nayo njengesigubu kodwa ke yona incane kunesigubu ngo6a ilinganiselwa ukushaywa ngomlomo nje, futhi ayinawo umse6enzi omkhulu njengesigubu. Imbungu ishaywa kanye naso isigubu futhi ama6utho a6uthana ngayo. Kuthi loyo ophetho i6utho lelo ayishayi endaweni ephakeme.

Uphondo nembungu kuyefuna umse6enzi wakho kuyonke indlela. Imfiliji yafika kwaZulu na6elungu isetshenziswa amantombazane ikakhulu

5. lawa asengamaqhikiza.

## Icilongo.

Icilongo lisetshenziswa yizinzwa ikakhulu uma zi6uthuwa noma kukhona impi 6ayalise6enzi. Futhi 6akhuluma ngalo la6o a6azanayo noma 6ehlukene.

6. ## Ugu6u.

Ugu6u lolu luvamiso kakhulu ushaywa amantombazana. Kugawulwa ngagane oluseluncane lugotshwe kahle, 6ese kugegwa isigu6u esesomile futhi si6oshelwa phakathi nalo uthi lolu, kufakwe insengi noma ishoba kuqiniswa ekugcineni izindawo zom6ili. Laphoke selushaywa izintombi x zise6enzisa u6aqa zilushaye e6eleni njalonjalo. Lushaywa yizintombi eseziqomile hhayi amatolitshi.

Imfiliji: Imfiliji lena ishaywa amantombazana asengamaqhikiza. Ishaywa nje noma nini lapho umniniyo ezwa ethanda ukuyishaya nga phandle kwase6usuku lapho kuthiwa i6iza izipokwe futhi iyadlulisa uma umuntu eyishaya e6usuku. Ukudlula ukuthi into leyo oyenzayo uyenze noma ungusufuni, kodwa uyenze ngo6a sekusegazini ukuthi yenze. Imfiliji akusiyona yomda6u kwaZulu kodwa yafika na6elungu.

7. A6adlokwe 6adinga ukuthi loyo ofuna ukwazi uku6ashaya atholane nomuntu okwaziyo uku6ashaya amfundise ngo6a ukushintsha izandla lokhu kulukhuni, futhi ukuze 6ezwakale u6umnandi 6eculo lelo elisha ywayo kusweleke loyo o6ashayayo naye ahla6ele le agide lapho kusweleke khona. Uma kufiwe akuvunyelwa muntu a6ashaya ngo6a xxxxx ezodlula futhi a6e luhlanya, ngo6a 6athi 6aphendula ingqondo yomuntu uma se6ekhala. Kuyenzekake ukuthi uma zihlangene izingcweti zakhona xxxx ziphikisane zize zibejelane ngezinkuku

/okuyikhona...............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

okuyikhona kuvamile. Loyo a6amzwayo ukuthi uyena nyonincwe 6amkhethe uku6a ku6e nguyena uMahluli. uMahlulike yena nqala

8. ngokuthi a6ezwe yena ukuthi ngempela 6akhala kahle yini nokuthi isho6a nengcina kwanele yini. Umuntu oshaya a6adlokwe akakwazi uku6ashaya kahle uma ehleli phansi, ngakhoke ngasosonke isikhathi utholakala eyemuvanaphambili.

6onke a6antu a6adlala a6adlokwe 6arama uku6a nendawo lapho 6ehlangana khona, 6afundisane, amagama amasha, 6aphikisane futhi. Kodwa izi6ukeli azi6izwa lutho.

<u>Izinhlo6onhlo6o zimigido yesiZulu.</u>

Indlamu, Ukugu6a, Umqhakazo noma isigekle, Ukugwiya.

<u>Indlamu</u> lena ishaywa yizinsizwa ezisencane, uma kukhona umdlalo othile njengokuqonywa kwensizwa uma kushaywa isigu6u nendlamu 6ayishaye. Uma intombi igcagca izinsizwa zincintisana

9. ngayo, kuthi loyo odlule a6anye a6anjwe yila6a a6a6ukayo 6amphakamisele phezulu, 6ekhom6isa ukuthi umncinti swano lowo ngowakhe.

<u>Ukugu6a</u> lokhu yiwona mgido wako nkosi. Uma inkosi inoMkhosi ama6utho ayo ayaye agu6i, njengokushwamisa inkosi. Kwesinye isikhathi uma kufe inkosi nqo6o kuyagujwa onke amagama akonkosi kuze kuse ama6utho eguba. Kwesinye isikhathi uma kugcagca noma kugcagcelwa la6o 6aseNdlunkulu ama6utho aya6uthwa azogu6a. Uma amadoda evela kolahla izagila ihlambo lomuntu osemdala kuyaye kugujwe amagama e6utho lakhe, kungaso 6esithu6a lapha no mthakathi aye6ulawa ngaso. Ukugu6a kungumsebenzi wakhe wonke umuntu oyindoda noyinsizwa ose6uthana.

10. <u>Umqhakazo;</u> lona ungumgido wekwendisa, noma kambi kukhona um6uso. Umqhakazo ungowamadoda kanye nezintombi esezindala ezingoralibomvu. Uyimpi kiswano ya6o na6o, ngemuva kwendlamu. Namakhosikazi angamagagu ayangena lapha emqhakazweni kuhlatshelelwa amagama. Omda6u aleso sibongo, ngemuva kwamazwi okuphelezela intombana noma okubonga uma kungum6uso.

/Isigekle............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Isigekle singesezintombi, emgcagcweni lapho umakoti ezi6ulala khona naye esevalelisa isigekle nontangaya6o. Agide lapho ngawo wonke amandla anawo nanga6o 6onke u6uciko ana6o, nga6a kungusuku lokugcina lolu kuye lo6usha 6akhe. Isigekle asishaywa amatshitshi kodwa sishaywa amaqhikiza na6o ovalibomvu izinke6li phela. 6e6ince izidwa6a 6onke.

Ukugwiya kakusiwe umgido kahle kodwa nokho kufana nakho.

11. Kusetshonziswa kakhulu uma ku6uswa noma kugcagcwa, noma emva kwempi izinsizwa zikhum6ula ukushisa kwayo. Cishe ukuthi 6onke a6antu a6adala na6ancane amadoda nezinsizwa nezintombi namakhosikazi 6ayagwiya.

Kodwa amantombazane agwiya lapho kukhona umgcagco kuphela. Amakhosikazi agwiya em6usweni emuwa kokudla kwawo inyama, agwiye futhi uma kukhona umgcagco emuva kokudla inyama. Amadoda wona agwiya uma kukhona um6uso noma kukhishwa ihlambo.

Amagama akwazulu:- Amagama okugu6a, awokuqhakaza, awendlamu, awokulila, awempi, awakoMkhulu kwaNkosi awesigekle. Awezangoma, awofufunyana.

Elempi lama6omvu: "Ingene Ingene Uda6a Ingene esikhaleni Mehlula aMakhosi anazizwe." Ingene Ingene esikhaleni Ingani

12. noBam6ada 6a6alekile, Ingene Ingene esikhaleni Ingani noMakhevu 6a6alekile."

Leligama laqanjwa uMfoka Nduluzana uSi6indi owa6ephethe aMa6omvu ngempi kaBam6ada ngo6a wayelekelela a6elungu. Yilona gama elasusa usinga aMa6omvu lawa ayewaphethe adukelana namanye aka Homoyi kanye futhi naka Njenga6antu. Alihlatshelelwake lona noma nga6e kwenze njani ngaphandle koku6a iNkosi iqinisa isizwe i6ize inyanga.

Elekugu6a laseMa6omvini: "Yeka amadoda ezizweni maningi" A6uzi6utho a6uzi6utho lenkosi, Gumede weNkosi Wo-Hhayi hho kanti uyamaqumela nkosi.

Leligama lisho ukuthi inkosi ayiphume endlini ikhethe i6utho eligu6a kahle igu6e nalo. Uma kuyogcagca iNkosazana noma 6ona 6ozalo lwa Nkosi 6egcagcelwa.

13/Elekuqhakeza...............

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

13. Elékuqhakaza Aбakwa Madondo: "Akakho owazilanga; akakho owazi langa; Madondo M Nzimande wiNkosi Uбani oбengaphika nelanga akakho owazilanga Madondo" Nzimande Nkosi?

Leligama laqanjwa nguNongcayiza ekhumbula ukuzingelwa kukayise uNtiyane nguShaka engamtholi aze afe uShaka noDingane wamzingela futhi akaze amthola, ngoбa phela intiyane inyoni encane. Waбesethi akakho owayengaphika naye ngoбa wayefana nelanga lona linguziwa muntu lapho liphuma khona nalapho lishona.

Awofufunyana lelike igama lofufunyana laganjwa ngu Mashiyikukhalwa inyanga enkulu yofufunyana.

"бayizizwe makhwela ngentaбa weMkhomazi ngcwala ngomoya,

14. бayi zizwe makhwela ngentaбa weMkhomazi ngcwala ngomoya. Ngesikhathi lihlatshe lilwa isiguli sesiбonga sembeswe ngesikhumba sensimango. Yenake uMashiyakukhalwa useбongela ufufunyana athi Emzumbe, бafana бomoya, sihlahla sohlunguhlungu siyaбaбa sinqumajuqula E.Mzumbe madoda amakhulu.

Leligama lihlutshelelwa kuphela uma umuntu loyo ophethwe ufufunyana lumvukile futhi esenukisiwe izinyamazane zalo. Loyoke olumphethe uyagida kuqala aбeseshoke ukuthi izinsizwa noma amadoda afunani.

Elendlamu: ngelika "Shuzishumeka" Mhlathi yehlulizagile kwelakwa Zulu ngoбa yehlulu Shembe, Wayaluza nsizwa бayakuhleka nsizwa".

Yilona gama lika shuzishumeka leli ayeбulala ngalo onke

15. amanye amagoso, sekwaziwa nje ukuthi uma kukhona umgcagco ushumeka uzophakanyiswa kuqala.

Elekulila: leli ngelo Mkhathazwe: leli lihlatshelelwa ngoбa loyo ofileyo eyilo naye uma eyelinye iбutho kuhlatshelelwa igama lalo leloбutho" Shesi izizwana weMkhathazo shiya wo, uyazishisi izizwana weMkhathazo.

Elokuбuthana "Yeбuya ngoqo! Siбindi Yeбuya ngoqo, Siбindi, Yeбuya ngoqo Siбindi Yeбuya ngoqo Siбindi Uyayiбamбezela iMpisi" lihlathelelwa kuphela uma kuбuthanwa uma umuntu eke

/walihlaбelela..........

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

walihla6elela izinsizwa ziya6uthana njalo. Uma eqamba amanga, useyodliwa yiNkosi ngokwenze njalo ngo6a edlala g ngazi nsizwa zayo.

Elokuzingela 6onke 6amemezana ngalo, kuzwakale ngalo okuthi

16. isiphuma inqina 6eshu 6ethi "Wushikishi, Wushikishi kuwena 6ejana. Kuwena bejana" Washa wethu, washa wethu, kuwena bejana". Elekuthulisa umntwana:

"Uyokhala ukhale uzudinwe unyoko
Uyotheza ama6ele akwaShezi
Oya, oya, oya oya oya
Unyoko uyotheza ama6ele kaShezi.

Elamakhosikazi loku6onga inyama uma kade kungum6uso: "Sidlile Gumede siyathokoza, sidlile endaweni yakho." "Sidlile Nzimande siyathokoza sidlile endaweni yakho. Emuva kwaleligama amakhosikazi a6esekhuza ihhule kuwe amabikili nezingu6o, esegwiya egqashiya eshishilizana, nasi esinye isigwiyo sawo evivamile.

17. "Akeningethuke 6afazi
Uyisiphoxo
Akeningethuke 6afazi
Uyisiphoxo."

Elazangoma:- Leli yigama elikhulu lenyanga yezangoma ethiwa uNyezi phezu kwe Qhudeni. Uma isangoma sesifuna ukuwa siwiswa yidlozi usisukumisa ngalo:

"Walishisizwe lezangoma
Wule
Walishisizwe lezungoma
Wule.

Shaya Mngoma shaya Mngoni o6ulayo Shaya Mngoma shaya mngomobulayo. Sigidalapho isangoma ku6e sengathi sizokufa. Waye uNyzi agide naso, esenolaka eshaya wonke ~~xxkx~~ umuntu ongashayi kahle ihlombe, amshaye ngesho6a lakhe lapha ekhanda.

18. Kwesinye isikhathi afele kuye aze ashweleze ngembuzi noma ngenkomo.

END S.823

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.